# AMAPHAPHU PHANSI KOLWESIHLAVA SAMACIMBI

BONGINKOSI ZONDI

ZINIKWE ithemba nguNgqongqoshe wezoLimo KwaZulu-Natal, uMnu Themba Mthembu, izakhamizi zakulesi sifundazwe mayelana namacimbi abizwa nge-*armyworms*, okusanda kubikwa ngaso kuthiwa sishiya kukhalwa kubalimi bommbila, amabele, i-*soya bean*, amazambane nokotini emazweni angomakhelwane asenyakatho yeNingizimu Afrika.

Lokhu ukwenze esigcawini sabenzindaba ngoLwesibili eThekwini njengoba izinkomba zithi isimo sizolawuleka kusukela kuzwakale inhlabamkhosi mhla lulunye kuNhlolanja (February) nonyaka ukuthi la macimbi - phambilini abebikwa eLimpopo - asebonakele kwezinye izifunda KwaZulu-Natal okuyisoThukela, eMkhanyakude, eMajuba naseZululand.

UMnu Mthembu uthe umnyango usuwenze uhlelo oluphuthumayo okuthiwa phecelezi yiPlant Pest Response Plan osuqalile ukulusebenzisa. Ngokwalolu hlelo, umnyango uzokwenza lokhu okulandelayo:

- uzohlola emasimini, kubikwe umonakalo obonakalayo;
- kuzokwenziwa umkhankaso wokuxwayisa nokufundisa abalimi;
- kufunwe usizo lokulawula isimo njengokufutha ngemishanguzo emasimini;
- kukhuthazwe ukulawulwa kwezinambuzane ngesu elididiyelwe; kanjalo nokuba
- umnyango usebenzisane nowezolimo namahlathi kuzwelonke, kwenziwe nesizinda semininingwane ngokwenzekayo.

Ungqongqoshe unxuse ukuba umphakathi ubambisane nabo uwuhlabe uwulawule uma kukhona okubonayo ezindaweni okuzona ukuze kuthathwe izinyathelo, washo nokuba uhlelo lokufutha lwenziwe ngokulandela uMthetho 36 we-1947 owaziwa ngeFertilizer, Farmfeeds, Agricultural Remedies and Stock Remedies.

Uma konke sekulandeliwe ngokwalo mthetho, umnyango uzokwenza konke okusemandleni ukunqanda lesi sihlava. Phela ngokwalo mthetho abalimi kumele basebenzise imishanguzo esohlwini olugunyaziwe.

Phakathi kwezikhulu abehambisana nazo uMnu Mthembu, bekukhona noNkz Fikile Qwabe ophansi kweCrop Production Research Unit ochazele abezindaba ukuthi la macimbi athi mawafane nesihlava esaziwayo futhi enza umonakalo ngendlela ethi mayifane, ngakho kulula ukuwabona.

bonginkosi@ilanganews.co.za



ISITHOMBE NGABE: PINTEREST.COM

AMACIMBI odumo lwe-armyworms ayashesha ukuchamusela bese lusuka ushikishi eqothula emasimini.



ISITHOMBE NGABE: ANTNEMDEP.UFL.EDU

AVELE ahlangane ndawonye uma edla isitshalo la macimbi.

**Umnyango uzohlola umonakalo emasimini.**

ILANGA
23-25 FEBRUARY 2017
Page 16